



Edition 65
IsiZulu, English

It starts with a story...

Inspire your children to read every day!

Is your home a reading home? Are stories part of your family's daily life? Reading to your children helps them to discover the magic of books. When you read to your children, you teach them that books allow us to explore other people's lives and to go on adventures to different places without ever leaving our homes!

If your children only read at school and when they do homework, then they will learn to link reading with work and not with pleasure. We need to read to our children if we want them to learn that reading can be an enjoyable and entertaining activity. Knowing this is what inspires them to want to read – and then to read more and more. This is how they establish a satisfying lifelong relationship with books and reading. And, in addition to this benefit, there are lots of research studies to show that the more children read at home, the better they do at school.

But reading to your children can't just happen once or twice. It needs to be one of the regular activities in your home. Here are three tips to help you make reading a part of your family's daily life.

- ★ **Be a role model.** When your children see you reading on a regular basis, they learn that reading is important, without you ever having to actually tell them this! Talk to your children about what you are reading and encourage them to ask questions about it.
- ★ **If you want them to read, read to them.** Decide on a time of day that you will sit with your children and enjoy a book together – and then, do this every day! Spending quiet, relaxing times reading together, helps you connect with your children.
- ★ **Develop children's confidence.** Value your children's attempts to read, just like you valued their first words! Give them lots of support to develop their confidence – that's half the battle with learning. Encourage them to read to you. Listen to their pretend reading. Let them try to read something that they choose – even if it is a little difficult for them. Unless they ask you for help, just enjoy listening to them read, without correcting them. Children need to behave like readers to *become* readers.



Khuthaza izingane zakho ukuthi zifunde nsuku zonke!

Ngabe kuyafundwa ekhaya lakho? Ngabe izindaba ziyingxenywe yempilo yansuku zonke yomndeni wakho? Ukufundela izingane zakho kuzisiza ukuthi zithole umlingo osezincwadini. Ngesikhathi ufundela izingane zakho, uzifundisa ukuthi izincwadi zisivumela ukuthi sijule nempilo yabanye abantu nokuthi sithathe uhambo olunezigigaba ezindaweni ezahlukene ngaphandle kokushiya amakhaya ethu!

Uma izingane zakho zifunda ekhaya nangesikhathi zenza umsebenzi wazo wesikole owenzelwa ekhaya, zizofanisa ukufunda nokwenza umsebenzi ongemnandi, ngeke zikufanise nokuzithokozisa. Sidinga ukufundela izingane zethu uma sifuna zifunde ukuthi ukufunda okubhaliwe kungaba umsebenzi othokozisayo futhi oqeda isizungu. Ukwazi lokhu yikho okuzikhuthaza ukuthi zifunde ukufunda – nokuthi zifunde nakakhulu futhi. Lena yindlela ezisungula ngayo ubudlelwane bempilo yonke obenelisayo nezincwadi nokuzifunda. Futhi, nangaphezu kwale nzuzo, luningi ucwaningo olwenziwe ukukhombisa ukuthi uma izingane zifunda kakhulu ekhaya, zenza kangcono esikoleni.

Kodwa ukufundela izingane zakho angeke kube yinto eyenzeka kanye noma kabili nje. Kudingeka ukuthi kube ngenye yezinto ezenziwa njalo ekhaya lakho. Nanka amacebo amathathu azokusiza ukuthi wenze ukufunda kube yingxenywe yempilo yansuku zonke yomndeni wakho.

- ★ **Yiba yisibonelo esihle.** Uma izingane zakho zikubona ufunda njalo, zifunda ukuthi kubalulekile ukufunda okubhaliwe, akudingeki ukuthi uze uzitshale lokhu! Xoxa nezingane zakho mayelana nalokho okufundayo bese uzikhuthaza ukuthi zibuze imibuzo ngakho.
- ★ **Uma ufuna izingane zifunde, zifunde.** Nquma isikhathi sosuku ozohlala ngaso nezingane zakho nithokozele incwadi ndawonye – bese wenza lokhu nsuku zonke! Ukuchiitha isikhathi esithule, nikhululekile nifunda ndawonye, kusiza ukuthi ukwazi ukuxhumana nezingane zakho.
- ★ **Thuthukisa ukuzethemba kwezingane.** Yazisa imizamo yezingane yokufunda, ngendlela efanayo nowazisa ngayo amagama azo okuqala! Zinikeze ukwesekwa okukhulu ukuze kuthuthukiswe ukuzethemba kwazo – inqotshiwe-ke ingxenywe yempi yokufunda. Zikhuthaze ukuthi zikufunde. Lalela ngesikhathi zenza sengathi ziyafunda. Zivumele ukuthi zifunde lokho ezikukhethayo – noma ngabe kuthanda ukuba lukhuni kuzo. Ngaphandle uma zikucele ukuthi uzisize, vele uthokozele ukuzilalela zifunda, ungawalungisi amaphutha azo. Izingane zidinga ukuziphatha njengabafundi bokubhaliwe ukuze zibe ngabafundi.




It's International Day of Families on 15 May! Enjoy our family story on pages 3 to 6 of this supplement.

Usuku Lomhlaba Lwemindeni ngomhla ziyi-15 kuNhlaba! Thokozela indaba yethu engomndeni emakhasini esi-3 ukuya kwelesi-6 alesi sithasiselo.



Drive your imagination

Read to me. Every day.
Ngifundele. Nsuku zonke.





Drive your imagination

Story stars

Singing the praises of reading!

Nal'ibali caught up with award-winning jazz singer, and mother, Judith Sephuma. She told us about the stories she likes to share with her own children and explained why we all need to read aloud to our children every day to help develop their literacy.

My favourite thing about being a parent is ...

... watching them grow and become responsible beings. From crawling, sitting and teething, to being able to utter their first words!

Watching my children learn to read and write is ...

... a relief that brings on a certain kind of excitement. It makes me proud when I see them actually read and write.

The stories/books I like to tell my own children are ...

... about growth and anything fun that has to do with animals; something that will make them creative and help them imagine what I am talking about.

We need to share stories with our children because ...

... they love listening to stories! It helps them with focus at school, it teaches them concentration and it creates an interest in reading.

As a child growing up in Polokwane, the story I remember ...

... is one my grandma used to tell us about Tselane. A giant had to swallow a very hot rod to have a thin voice to trick Tselane into coming to him. It's a really good story!

As a role model, my message is ...

... children enjoy reading as it increases their interest and helps to relax them as they get to use their imaginations! Read regularly to them – even 20 minutes a day can make a huge difference to their future success!



Judith Sephuma

Abavelele ezindabeni

Ukuncoma ukufunda!

UNal'ibali uxoxe nomculi womculo we-jazz ozuze izindodo, uJudith Sephuma. Wasixoxela ngezindaba athanda ukwabelana ngazo nezingane zakhe, wasichazela nokuthi kungani kumele sonke sifundele izingane zethu kakhulu nsuku zonke ukuze sisize ukuthuthukisa ukwazi kwazo ukufunda nokubhala.

Into engiyithanda kakhulu ngokuba umzali ...

... ukubabuka bekhula beba abantu abadala abenza izinto ngendlela efanele. Kusukela ekukhaseni, ekuhlaleni nasekuphumeni amazinyo, ukuya ekwazini ukuphimisisa amagama abo okuqala!

Ukubuka izingane zami zifunda ukufunda okubhaliwe nokubhala ...

... ukukhululeka okuza nohlobo oluthile lwesasasa. Kungenza ngiziqhenye uma ngibabona befunda futhi bebhala.

Izindaba noma izincwadi engithanda ukuzixoxela izingane zami ...

... zimayelana nokukhula kanye nanoma yini emnandi ephathelene nezilwane; into ezozenza ziveze ubuciko futhi izisize ukuthi zizakhele isithombe sasemqondweni salokho engikhuluma ngakho.

Kumele sabelane ngezindaba nezingane zethu ngoba ...


... ziyathanda ukulalela izindaba! Kuzisiza ukuthi zikwazi ukugxila ezifundweni esikoleni, zizifundisa ukuthi zinatathele kwezikwenzayo futhi kuzenza zibe nomdlandla wokufunda.

Njengengane eyayikhulela ePolokwane, indaba engiyikhumbulayo ...

... yileyo ugogo wethu ayesixoxela yona ngoTselane. Kwadingeka ukuthi izimu ligwinye induku eshisa kakhulu ukuze libe nezwi elincane bese likhohlisa uTselane ukuba aphume eze kulo. Yindaba emnandi kakhulu!

Njengomuntu oyisibonelo esihle, umlayezo wami uthi ...

... izingane zithokozela ukufunda ngoba kwandisa intshisekelo yazo futhi kuzisiza ukuthi zikhululeke ngenkathi zisebenzisa imiqondo yazo ukuzakhele imifanekiso yomqondo. Zifundele njalo – noma kungaba imizuzu engama-20 ngosuku, lokho kungenza umehluko omkhulu empumelelweni yazo yakusasa!



Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



... ngabheka ngabheka. Ngabonani?
 Ngabona ...
 ... I looked and looked. What did I see?
 There was ...




One day, I went into our room and ...
 Ngolunye usuku, ngaya ekamelweni
 lethu futhi ...

Fold



The Little Library



Perfectly me is one of 36 stories available in the Little Library Kits for Numeracy, Literacy and Life Skills. Each kit contains 60 readers (5 copies of 12 stories), 12 big books, 12 posters and a comprehensive teacher's guide. The readers and the big books are available in all 11 official languages. For more information please visit our website www.cup.co.za.

Cambridge University Press
 P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
 Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
 Email info@cup.co.za



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi




Fold

CAMBRIDGE

Perfectly me Nami anginasici

Martie Preller
 Ian Lusted




My mother loves my sister, Aisha, but she also loves me!
 Umama nyamthanda udadewethu, u-Aisha, kodwa nyangithanda nami!



This is my sister, Aisha, and this is me!
 Lona udadewethu, u-Aisha futhi yimina lo!

... a monster looking at me! Can a mother love a monster like me?
 ... innu enkulu engigqozele! Umama angayithanda yini innu efana nami?



But I am also perfectly me!
 Kodwa nami anginasici!


Ngakho ngegeza.
So I had a bath.



My sister, Aisha, is perfect. Don't you agree?

Udadewethu, u-Aisha akanasici.
Awuvumi yini?

Udadewethu, u-Aisha njalo ukama
ikama lami.
Izinwele zakhe, kodwa mina angilithholi
but I can't find my comb.
My sister, Aisha, always combs her hair,



My sister, Aisha, is perfect, but I am just me.

Udadewethu, u-Aisha akanasici, kodwa
akunjalo kimi.

Ngageza izindlebe zami. Ngageza ikhala
lami. Ngageza izinyawo zami. Ngageza
izinzwane zami.

I washed my ears. I washed my nose.
I washed my feet. I washed my toes.



Fold

My sister, Aisha, always brushes her teeth,
but I can't find my toothbrush.
Udadewethu, u-Aisha uhlale exubha
amazinyo akhe njalo, kodwa mina
angisitholi isixubho.



I combed my hair and brushed my teeth.
Ngakama izinwele zami ngaxubha namazinyo.



My sister, Aisha, always washes her face,
but I can't get out of bed.

Udadewethu, u-Aisha uhlale egeza ubuso
bakhe, kodwa mina ngiyehluleka ukuvuka
ezingubeni.



Fold

Get creative!

Words make us think! Here are some quick, fun word games to play with your family and at your reading club.

You will need: paper; scissors; pens or pencils; Prestik (optional)

What to do:

1. Prepare for the activity by cutting up paper into small pieces that are about 4 cm x 5 cm. It doesn't matter if the measurements are not exact. If you can use sheets of different coloured paper, that is even better!
2. Give each person between 8 and 10 pieces of paper and a pencil or pen.
3. Write one word on each piece of paper. As you do this:
 - don't think too much about what words to write, rather write down the words that pop into your head!
 - don't worry about spelling the words correctly – that can always be corrected later, as long as the person writing the word knows what it says
 - help younger children by writing the words they tell you.
4. Put all the words in an open area (like on a wall or on the floor) where everyone can see them. Then try out one or more of these ideas.
 - Choose words to combine into unusual pairs. For example: *monster stars, fly flowers.*
 - Choose one word, then see how many of the other words you can use with it. For example: *lost flowers, lost monster, lost stars, lost window, lost window flowers, lost fly etc.*
 - Choose 10 words and see how many different sentence combinations you can make with them. (You may need to use other words, like *the, and, a, to, but, on* to link the words you chose.)
 - Choose words and build poems with them. You'll need to add linking words here too.



Veza ubuciko bakho!

Amagama asenza ukuthi sicabange! Nansi eminye imidlalo yamagama esheshayo, ethokozisayo ozoyidlala nomndeneni wakho kanye nasethimbeni lakho lokufunda.

Izinto ozozinga: iphepha, isikele, amapeni noma amapensela, i-prestiki (uma uthanda)

Ongakwenza:

1. Lungiselela umsebenzi ngokusika iphepha libe yizicucu ezincane ezingalingana nalezi: u-4 cm x 5 cm. Akunandaba noma ngabe izilinganiso azifani nalezi ncinishi. Uma ungasebenzisa amaphepha ayimibala eyahlukene, kungaba kuhle kakhulu lokho!
2. Nikeza umuntu ngamunye phakathi kwezicucu eziyi-8 neziyi-10 zephepha kanye nepensela noma nepeni.
3. Bhala igama elilodwa esicucwini ngasinye sephepha. Ngesikhathi wenza lokhu:
 - ungacabangi kakhulu ngokuthi uzobhalani, vele ubhale igama elizifikela emqondweni wakho!
 - ungakhathazeki ngokupela amagama ngendlela efanele – lokho kungaphinde kulungiswe ekuhambeni kwesikhathi, okubalulekile nje ukuthi umuntu obhale igama uyazi ukuthi lithini
 - siza izingane ezincane ngokuthi ubhale amagama ezikutshela wona.
4. Beka amagama endaweni evulelekile (efana nasodongeni noma phansi) lapho engabonwa khona yiwo wonke umuntu. Bese uzama owodwa noma ngaphezulu yale miqondo.
 - Khetha amagama azowahlanganisa namagama angajwayele ukuhambisana ngamabili. Isibonelo: *inunu esabekayo izinkanyezi, impukane imbali.*
 - Khetha igama elilodwa bese ubona ukuthi mangaki amanye amagama ongawasebenzisa nalo. Isibonelo: *izimbali ezilahlekile, izinunu ezesabekayo ezilahlekile, izinkanyezi ezilahlekile, izimbali zasefasiteleni ezilahlekile, impukane elahlekile, njll.*
 - Khetha amagama ayi-10 bese ubheka ukuthi mingaki imisho eyahlukene ongayenza ngawo. (Ungasebenzisa izakhi noma amagama afana nala: i-, kanye, a-, uku-, kodwa, e- ukuze uhlanganise amagama owakethayo.)
 - Khetha amagama bese wakha izinkondlo ngawo. Kuzodingeka ukuthi ufake amagama okuxhuma nalapha futhi.

Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Gogo

Grandchildren: Neo, Mbali

Languages she speaks: isiZulu, isiXhosa, Sepedi, English and a little bit of French

Favourite hobby: running a reading club on Saturday afternoon

Favourite colour: yellow

Favourite drink: tea

Stories she likes: romance novels and stories on the radio



Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika ugcine bonke abalingiswa bakwaNal'ibali obathandayo bese ubasebenzisa ukwenza ezakho izithombe, izindaba noma nanoma yini oyicabangayo!

Mayelana noGogo

Abazukulu: uNeo, uMbali

Izilimi azikhulumayo: isiZulu, isiXhosa, isiPedi, isiNgesi kanye nesifrentshi kancane nje

Izinto athanda ukuzenza: ukuqhuba ithimba lokufunda ngeMigqibelo ntambama

Umbala awuthandayo: ophuza

Isiphuzo asithandayo: itiye

Izindaba azithandayo: amanoveli ezothanda kanye nezindaba emsakazweni

Here's an idea...

- Cut out and colour in the picture of Gogo and then paste it on a large sheet of paper. Add other things to the picture to make it your own picture. Then write a caption for your picture.
- Write a few paragraphs of the story that Gogo is reading next to the picture of her.
- Keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nali icebo...

- Sika ukhiphe bese uhlobisa ngombala isithombe sikaGogo, usinamathisele ephepheni elikhulu. Faka ezinye izinto esithombeni ukuze usenze sibe ngesakho. Bese ubhala isihloko esithombeni sakho.
- Bhala izigatshana ezimbalwa zendaba efundwa nguGogo eduze kwesithombe sakhe.
- Ggcina isithombe endaweni ephephile kuthi uma usuthole bonke abalingiswa bakwaNal'ibali, ubasebenzisele ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNal'ibali!

Story corner

Here is the final part of the story in which Amina is trying to find someone to help give her special toy-friend all the things he needs. Enjoy reading it aloud or telling it.

Whatzit (Part 2) by Jude Daly

Amina went to find her middle sister, Fozia.

"What's that?" asked Fozia.

"Whatzit," said Amina. "Whatzit needs a nose."

"Okay," said Fozia, "but we must be quick, I'm really busy and still have so much to do." Fozia helped Amina sew a nose for Whatzit, a little turned up nose.

"And eyes," said Amina. But, already Fozia was not listening. So, Amina went to find her oldest sister, Shireen.

On the way, Amina's Dad saw her.

"What's that?" asked her Dad.

"Whatzit," said Amina. "Whatzit needs eyes."

"I've got some," said her Dad, "but we must be quick, I still have so much to do."

Amina and her Dad sewed on Whatzit's eyes – two sparkly button eyes.

"And a tail," said Amina.

"Well, I can't help you with that," said her Dad.

So, Amina went on to find her oldest sister, Shireen.

"Oh, my gosh," said Shireen, "where did you find that?" Amina told her.

"Wow!" said Shireen. "I was making it to give to you when you were born, but I lost it somewhere before it was finished."

Amina handed Whatzit to Shireen. "Oh, my gosh," said Shireen, "it's so cute. Has it got a name?"

"Whatzit," said Amina, "and Whatzit needs a tail."

So Amina and Shireen made a tail for Whatzit – a wiggly-waggly tail! Then Amina and Shireen looked at Whatzit and Whatzit smiled back at them!

"How about curly-wurly hair?" asked Shireen, "and some pointy ears? But then you're out of here because I'm really busy and still have my own things to do."

Amina took Whatzit back to her room and propped him up between Eli and Dassie and opposite Rabbit and Mouse. Then she made a fresh pot of tea.

Amina drank one cup and so did Eli, Dassie, Rabbit and Mouse, but Whatzit was very thirsty and drank three cups. After all, he had waited a long, long time for tea!



Illustration by Magriet Brink
Umdwebo wenziwe nguMagriet Brink

Tell us if you liked the story, *Whatzit* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *UKuyini* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

In your next Nal'ibali supplement:

- Encouraging children to play with books
- Nal'ibali puzzle fun
- A special 24-page cut-out-and-keep book containing a story from Africa in celebration of Africa Day on 25 May: *The singing chameleon*

Are you on Mxit? Download the Nal'ibali app for literacy tips, reading club ideas and stories in a range of South African languages to enjoy on your phone. Go to <http://mxitapp.com/nalibali/signup> to get started.

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukukhuthaza izingane ukuthi zidlale ngezincwadi
- Iphazili yokuzithokozisa yakwaNal'ibali
- Incwadi ekhethekile enamakhasi angama-24 ozoyisika, uyikhiphe bese uyigcina equkethe indaba yase-Afrika njengoba sizogubha Usuku Lwe-Afrika ngomhla zingama-25 kuNhlaba: *UNwabu Oluculayo*

Ngabe ukuMxit? Thwebula ngensiza yekhompyutha insiza yakwaNal'ibali yamacebo okwazi ukufunda nokubhala, amacebo ethimba lokufunda kanye nezindaba ezingezilimi ezahlukene zaseNingizimu Afrika ozozithokozela kumakhalekhukhwini wakho. Iya ku-<http://mxitapp.com/nalibali/signup> ukuze uqale.

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yendaba ka-Amina ozama ukuthola umuntu ongamsiza afakele umngani wakhe oyithoyizi konke akudingayo. Thokozela ukuyifunda noma ukuyixoxa kakhulu.

UKuyini (Ingxenye yesi-2) nguJude Daly

U-Amina wayofuna udadewabo ophakathi, uFozia.

"Yini le?" kubuza uFozia.

"UKuyini," kusho u-Amina. "UKuyini udinga ikhala."

"Kulungile," kusho uFozia, "kodwa kumele sisheshise, ngimatasatasa kakhulu futhi kusekuningi okumele ngikwenze." UFozia wasiza u-Amina ukuthunga ikhala likaKuyini, ikhala elincane elibheke phezulu.

"Namehlo futhi," kusho u-Amina. Kodwa, uFozia wayevele engasamlalele. U-Amina wayofuna udadewabo omdala, uShireen.

Esahamba, u-Amina wabonwa uBaba wakhe.

"Yini leyo?" kubuza uBaba wakhe.

"UKuyini," kusho u-Amina. "UKuyini udinga amehlo."

"Nginawo," kusho uBaba wakhe, "kodwa kumele sisheshise, kusekuningi okumele ngikwenze."

U-Amina noBaba wakhe bathungela amehlo kaKuyini – amehlo ayizinkinobho ezimbili ezinsundu ezikhazimulayo.

"Nomsila futhi," kusho u-Amina.

"Ngeshwa, angeke ngikwazi ukukusiza ngalokho," kusho uBaba wakhe.

U-Amina wayofuna udadewabo omdala, uShireen.

"Awu, bakithi," kusho uShireen, "umthole kuphi?" U-Amina wamtshela.

"Kwakuhle!" kusho uShireen. "Ngangimenzela wena ngesikhathi uzulwe, kodwa wangilahlekela ngaphambi kokuba ngimqede."

U-Amina wanika uShireen uKuyini. "Bantu," kusho uShireen, "waze wamuhle. Ngabe unalo igama?"

"UKuyini," kusho u-Amina, "futhi uKuyini udinga umsila."

Ngakho u-Amina noShireen benzela uKuyini umsila – umsila otshikizayo! U-Amina noShireen babuka uKuyini, uKuyini wabamamathekela!

"Kungaba njani abe nezinele ezigoqene?" kubuza uShireen, "nezindlebe ezicijile? Kodwa-ke kuzomele uhambe ngoba ngimatasatasa futhi kusenezinto zami okumele ngizenze."

U-Amina wabuyisela uKuyini egumbini lakhe wamhlalisa phakathi kuka-Eli noMbila, phambi kukaNogwaja noGundane. Wase enza itiye elisha ethiphothi.

U-Amina waphuza inkomishi eyodwa kanjalo no-Eli, uMbila, noNogwaja noGundane, kodwa uKuyini wayenxanwe kakhulu ngakho waphuza izinkomishi ezintathu. Phela, wayelinde isikhathi eside kakhulu ukuze athole itiye!